Ekugcineni imfundo yamahhala!!

MELBA NZIMANDE

Imfundo iyisisekelo sokuba umuntu akwazi ukufezekisa iphupho lakhe lokuba abe semkhakheni womsebenzi awufisayo.

Kepha, lokhu kunzima emazweni asathuthuka njengeNingizimu Afrika lapho imfundo eseqophelweni imba eqolo futhi okungelula ukuhamba kuyiwe ezikhungweni zemfundo.

Abanye babhekana nezinkinga zokuya kofunda ngenxa yomkhawulo yeminyaka yobudala kanye noma nezimo zobubha ababhekene nazo, lokho okwenza ukuba bangakwazi ukufezekisa amaphupho abo.

UMnyango Wezemisebenzi yoMphakathi ubambisene noMnyango Wezemfundo bahlonze lezi zingqinamba baseke sebesungule uHlelo Lwemfundo Yabadala kanye noQeqesho (I-AET) e-Adams College.

Lolu hlelo luvumela ukuba amalungu omphakathi afunde ngale kokukhokha ngisho isenti leli futhi uma sebephothule izifundo zabo bathola izitifiketi okuyizona ezizobasiza ekutholeni umsebenzi.

Lolu hlelo lwe- AET lwaqaliswa ngonyaka wezi -2011 futhi selubonakalise imiphumela emihle kakhulu. Izinga labaphumelela ngonyaka wezi- 2016 laba ngama - 99%, lokho okwenze bonke ababambe iqhaza bazigqaja

Abafundi kanye nothisha abajabulile e-Adams College

kakhulu futhi bayithakasela le nguquko enkulu esemphakathini waseMbumbulu nasezindaweni ezingomakhelwane. UMnu Mkhize onogqozi, oyintandokazi yabo bonke abafundi kanye nothisha ngenxa yentshisekelo ayikhombisayo emsebenzini wakhe nokuthi uhlwanyela umoya woBuntu, nguye ongumphathi walesi sikhungo. Naye wasitshela ukuthi ukhule esokola impela engenabo abazali ababezomfundisa, okuyiyona nto emenza ahole lesi sikhungo ngozwelo nangokuqonda izimo zabanye abantu. UMnu Mkhize waqala ukusebenza eMnyangweni Wezemisebenzi Yomphakathi ngonyaka we- 1973 futhi use uzolungele ukuthatha umhlalaphansi mhla zingama–31 kuNdasa wezi-2017, okuzobe sekuyiminyaka engama-44 asebenza ngobuqotho kuhulumeni futhi eqinisekisa inhlalakahle e–Adams Depot, yoMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi.

Njengamanje mane amazinga emfundo, lapho kufundiswa abafundi kusuka emfundweni eyisisekelo impela kuze kube yilapho becijelwa umatikuletsheni, okuyizinga lesine. Kuqashwe othisha abayisithupha ababhekene nokufundisa abafundi abangama-40 ngonyaka wezi-2017. Kufundwa kabili ngesonto ngenkathi yasekuseni. Iningi labafundi abahlomule kulolu hlelo lwamahhala bakwazile ukuthola umsebenzi. UMnu Ndodo Zindela, ongumsebenzi owenza imisebenzi yokunakekela isikhungo eMnyangweni Wezemisebenzi Yomphakathi naye ungomunye wabahlomule kulolu hlelo.

Kuyimanje uzophothula iZinga lesi-4, okuyilona elizomvumela ukuba abhale izivivinyo zikamatikuletsheni zonyaka wezi-2017. UMnu Zindela uyazigqaja ngalokho akuhlomule kulolu hlelo lokufunda. UBrightness Chakane onguthisha kulesi sikhungo uthe ngonyaka wezi- 2015, uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi unikele ngamakhompyutha ayishumi okuye kwafaka ugqozi amalungu omphakathi amaningi lawo ayengakaze acabange ukuthi ayoke ayifunde ikhompyutha.

UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi uhlinzeka ngamagumbi okufundela kanye nezithuthi zokuthutha abafundi abahlala kude nekolishi. Lokhu kwenza kube lula kubona bonke ababandakanyekayo.

Nakuba lolu hlelo seluye lwadlondlobala eminyakeni edlule, lusenazo zona izinselelo, esingabala nje, ukudingeka kwamanye amakhompuyutha kanye namagumbi okufundela ukuze kubhekelelwe inani elikhulayo labafundi. Nakuba kunesibalo esikhulu sabafundi abathole imisebenzi, basebaningi futhi abasayifuna, lokho okuphoqa umnyango ukuba uphuthumise izinhlelo ezizosiza labo bafundi.

Umuntu angasho ukuthi lokhu kuhle kumbi, ngokuba kunesasasa emphakathini lokuzofunda kulesi sikhungo, okuzodala khona maduze nje ukwentuleka kwendawo yokusingatha bonke abafundi.

UMnu Mkhize nabasebenzi abangaphansi kwakhe bathulelwa isigqoko ngomsebenzi wabo oncomekayo abawenza kulesi sikhungo esesibe yisizinda sokuletha inguquko emphakathini. Okuhlaba umxhwele futhi ukuthi bonke othisha abaqashiwe bangabesifazane, abane babo okuyintsha.

Lokhu akukhuthazi kuphela abafundi besifazane abasebencane, kodwa kuyisibonakaliso sokuthi 'i-rainbow nation' isidlondlobele kangakanani emkhakheni wokuthuthukisa abesifazane kanye nentsha.

Konke lokhu kungukukhanyiseleka, esethemba ukuthi kuzosabalala okomlilo wequbula, ukuze abanye abantu ababencisheke amathuba phambilini nabo basabele kuleli khwelo lokufunda bese bethola imisebenzi, bondle imindeni yabo futhi babe ngamalungu aqavile emphakathini.